



# education

DEPARTMENT: EDUCATION  
MPUMALANGA PROVINCE

## GENERAL EDUCATION AND TRAINING

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA

IPHROJEKTHI

ITHEMU 3-ISIGABA 1-3

2021

IBANGA 7

INANI LAMAKHASI :

IGAMA NESIBONGO: \_\_\_\_\_

IGAMA LESIKOLE : \_\_\_\_\_

IBANGA : \_\_\_\_\_

ISIGABA : \_\_\_\_\_

AMAMAKI :

ISIGABA 1 = 20

ISIGABA 2 = 30


ISIGABA 3 = 20



## **ISINGENISO**

Ukwabiwa kwemisebenzi ye Phrojekthi Ibanga 7

- Iphrojekthi ingumsebenzi owenziwa ngethemu yesithathu, ithaskhi yesi-6 neyesi-7 ngokohlelo lokuhlola.
- Lo msebenzi wenziwa ususelwa kumakhono okuhlaza imibhalo yobuciko ehlanganisa: Izinkondlo, Izindaba ezimfishane, Umdlalo, Izinganekwane, ubuciko bomlomo (Izibongo nezithakazelo kanye nomlando wobukhosi bakwaZulu) kanye ne noveli.
- Umfundi esizwa uthisha, ukhetha okukodwa enze ngakho umsebenzi we phrojekthi.
- Kulonyaka wezi -2021 lo msebenzi uhlukanisiwe kwanikwa ibanga nebanga umbhalo wobuciko ngokuhlukana kwayo. Lokhu kwenzelwa ukuthi siqale sizijwayeze njengoba inkonyane isathuka isisinga nje kulolu hlobo lomsebenzi.



### Isigaba soku-1 -Uphenyo/ucwaningo

Amasonto 3-4

- ❖ Lephrojekthi mayiqalwe ngeviki lesithathu ukuze umfundi azokwazi ukuba nesikhathi esiningi socwaningo nokuthi akwazi ukuletha akwenzile ngeviki lesine.
- ❖ Uthisha uzohlola ukuthi umfundi ulandele kahle yini izigaba zocwaningo esizwa imibuzo ekhandwe uthisha ezokwenza kubelula ukucwaninga.
- ❖ Ngaleviki lesine umfundi uzonikwa amamaki akhonjiswe okumele akulungise awubuyise umsebenzi ngeviki lesihlanu esezothola amamaki okugcina esigaba sokuqala.

(Bhala amagama ezincwadi ozisebenzisile ebhokisini elingezansi.)

(2)

Amanothi/izithombe: (Bhala amanothi akho wophenyo kuleli bhokisi elilandelayo)

**Phendula imibuzo engezansi:**

1. Uyini umdlalo?

---

---

(2)

2. Ubhaleke kanjani? (ikhasi langaphandle kanye namakhasi amathathu alandelayo)

---

---

(2)

3. Izimpawu zomdlalo/sakhiwo

- Sibhaleke kanjani isihloko?

---

- Ziyini izinkundla?

---

- Siyini isigcawu?

---

- Sinjani isingeniso?

---

---

- Izinhlobo zabalingiswa?

---

---

- Sinjani isizinda?

---

- Izigameko/ izehlakalo

---

---

- Luyini uvuthondaba?

---

---

- Sinjani isiphetho?

---

---

(10)

4. Iyini indikimba?

---

---

(2)

5. Uyini umyalezo?

---

---

(2)

**Amamaki: 20**

### Ishadi lokuhlola

<b>Amasu ocwaningo</b>	<b>Amamaki abekiwe</b>	<b>Amamaki omfundi</b>
Incwadi/izincwadi zocwaningo	2	
Incazelo ngomdlalo.	2	
Kuphawuliwe ngendlela obhaleke ngayo.	2	
Izimpawu zomdlalo ziveziwe (isakhiwo, abalingiswa njalo njalo)	10	
Incazelo yendikimba	2	
Incazelo yomyalezo	2	
<b>Isamba samamaki</b>	<b>20</b>	

## Isigaba sesi-2 -Ukubhala




## Amasonto 5-6

### Iziqondiso

- ❖ Umfundi uzobhala owakhe umdlalo aziqambele wona esebenzisa ulwazi aluthole esigabeni soku-1 ukwenza lo msebenzi.
- ❖ Umfundi kumele alandele inqubo yokubhala.
- ❖ Bhala **ikhasi elilodwa**.

## Inqubo yokubhala

❖ Ukuhlela





- ❖ Uhlaka lokuqala
- ❖ Ukubuyekeza
- ❖ Ukuhlela nokulungisa amaphutha
- ❖ Ukufunda ngokuqaphelisisa

**Amamaki: 30**

**IRUBRIKI YOKUMAKA UMDLALO**


<b>ISAMBA SAMAMAKI (30)</b>	<b>ILEVELI YESI-4</b>	<b>ILEVELI YESI-3</b>	<b>ILEVELI YESI-2</b>	<b>ILEVELI YESI-1</b>
Ukuhlela (5)	Ukuhlela kusezingeni eliphezulu. Amaphuzu ahlelwe ngokwesakhiwo somdlalo (4-5)	Ukuhlela kusezingeni elikahle (3)	Ukuhlela kwamukelekile (2)	Akukho ukuhlela okwenziwe (0-1)
Isakhiwo + uhlaka (5)	Isakhiwo sihle ngendlela eseqophelweni eliphezulu. Kukhona ukuxhumana kwisingeniso, umzimba kanye nesiphetho. (4-5)	Isakhiwo samkelekile. Kukhona ukuxhumana kwisingeniso, umzimba kanye nesiphetho. (3)	Isakhiwo samkelekile. Kukhona ukuxhumana kwisingeniso, umzimba kanye nesiphetho. (2)	Isakhiwo asamukelekile. Akukho ukuhlukaniswa kwisingeniso, umzimba kanye nesiphetho.
Umongo wendaba (15)	Umongo wamaphuzu ugxile ngqo kwisihloko socwaningo. (10-15)	Umongo namaphuzu agxilile esihlokweni. (7-9)	Umongo namaphuzu agxilile esihlokweni. (4-6)	Umongo namaphuzu awagxilanga esihlokweni. (0-1)
Ulimi olusetshenzisiwe kanye nezimpawu zokuloba (5)	<b>U</b> limi lusetshenzisiwe ngendlela eseqophelweni eliphezulu, izimpawu zokuloba zisetshenzisiwe ngendlela efanelekile. Konke kuhambelana nomongo wocwaningo. (4-5)	Ulimi lusetshenzisiwe ngendlela efanele, izimpawu zokuloba zisetshenzisiwe ngendlela efanele. Ummongo wendaba uhambelana nocwaningo. (3)	Ulimi lusetshenzisiwe ngendlela eyamkelekile kanye nezimpawu zokuloba. (2)	Ulimi alamukelekile. Amaphutha maningi, ummomo wamaphuzu awuhambelani nomongo wocwaningo. (0-1)

**Iziqondiso**

- Umfundi wethula umsebenzi wakhe womdlalo awubhale esigabeni sesibili ngomlomo.

**Qaphela**

- ❖ Sebenzisa uhlaka olufanele: isingeniso, umzimba, nesiphetho
- ❖ Yethula umqondo osemqoka ngokunikeza imininingwane esekelayo.
- ❖ Veza ubufakazi bokucwaninga noma bokuphenya
- ❖ Sebenzisa izitho zomzimba ngokufanele kanye namakhono okwethula afana nokubuka izethameli, ukukhuluma kuzwakale, ukuguquguquka kwephimbo kanye nesimo sobuso.
- ❖ Ukuzimbandakanya engxoxweni.
- ❖ Nikeza umbiko owakhayo.



**IRUBRIKHI YOKUHLOLA INKULUMO ELUNGISELELWE**

<b>ISIHLOKO</b>	<b>IZINGA - 4</b>	<b>IZINGA - 3</b>	<b>IZINGA - 2</b>	<b>IZINGA - 1</b>
<b>Umnyakazo/ ukusetshenziswa kwamakhadi</b>	Iminyakazo/ namakhadi asetshenziswe ngobuciko obuseqophelweni eliphezulu.	Iminyakazo/ amakhadi kusetshenziswe ngobuciko obamukelekile.	Iminyakazo/ amakhadi asetshenziswe ngendlela efanele.	Abukho ubuciko obamukelekile bokwethula inkulumo.
<b>Amamaki</b>	3	2	1	0
<b>Iphimbo</b>	Kuhle kakhulu uzwakala kahle futhi ulisebenzisa kahle iphimbo lakhe	Uyenzakala yize ehamba egwinya amagama	Iphimbo lakhe liyehla liyenyuka iskhathi esinengi akazwakali	Akazwakali ngisho sekuzanywa ukulalelwa
<b>Amamaki</b>	3	2	1	0
<b>Ukuphimisa</b>	Wonke amagama uwaphimise ngendlela efanele	Kuningana okuhle ekuphimiseni kwakhe amagama	Ambalwa amagama aphimiseke kwezwakala ukuthi achaza ukuthini	Iningi lamagama awakaphinyiswa kahle
<b>Amamaki</b>	3	2	1	0
<b>Ulimi</b>	Luhle kakhulu ulimi alusebenzisile lunothile	Uzamide ukusebenzisa ulimi olufanele ukwethula inkulumo	Ulimi alusebenzisile iningi lamagama akuwona esizulu	Ulimi alusebenzisile alufanele neze luyahlaba
<b>Amamaki</b>	4	3	2	1-0
<b>Indlela yokuma</b>	Kuhle konke ubebuke izethameli akhulume ngokuzethemba	Umekahle wabuka izethameli yize ubehle abuka emuva	Uzamide nokho kodwa ubengenako ukuzethemba	Akakwazanga ukuma abuke izethameli
<b>Amamaki</b>	3	2	1	0
<b>Ukunamathela esihlokweni</b>	Konke kunamathela esihlokweni futhi kushaya emhlolweni	Kuningana okuhambisana nesihloko	Ubengena ephuma esihlokweni	Unhlanhlathela kusuka eqala waze wayophetha
<b>Amamaki</b>	4	3	2	1-0

